# OLD MUTUAL SUPERFUND

Uhlelo Lomhlalaphansi Lwezimbiza Ezimbili kulindeleke lwethulwe mhla **lu-1 kuSepthemba 2024**, kanti i-Old Mutual SuperFund ifuna ukukuhlomisa ukuze uthathe izinqumo zezezimali usunolwazi.

TWO-POT RETIREMENT SYSTEM

## ICalculator yethu Entsha sesifikile!

Sinentokozo enkulu yokukwethulela **i-Calculator yethu Yokukhipha Imali Ezimbizeni Ezimbili** etholakala **ku-WhatsApp**. Le Calculator ikusiza ukwazi:

- Ukubona imali oyilondolozile yomhlalaphansi: Le mali izoba 'Imbiza Yakho Yokubekelela' kusukela mhla lu-1 kuSepthemba 2024.
- Ukubona ibhalansi elinganiselwe etholakalayo Embizeni yakho Yokulondoloza kusukela mhla lu-1 kuSepthemba 2024.
- Ukulinganisela imithelela yentela uma ukhetha ukukhipha Embizeni yakho Yokulondoloza.
- Uma ubuyiLungu lesiKhwama seProvident elineminyaka engama-55 ubudala noma ngaphezulu mhla lu-1 kuNdasa 2021 futhi useyilungu laleso siKhwama esifanayo, ngeke ukwazi ukukhipha imali Ohlelweni Lwembiza Yokulondoloza.

**Ngeke ukwazi ukukhipha imali Embizeni Yokulondoloza kulesi sikhathi.**

## Indlela yokusebenzisa i-calculator yokukhipha imali ezimbizeni ezimbili zokulondoloza ku-whatsapp

**Kunezindlela ezimbili zokufinyelela ku-Calculator:**

**INDLELA YOKU-1:**

- **Skena le khodi ye-QR kudivayisi yakho kamakhalekhukhwini. Izokuyisa ngqo ku-WhatsApp bese izibhalela amagama athi 'Izimbiza Ezimbili'.**
- **Cindezela okuthi 'enter' ukuze uqhubeke.**

**INDLELA YESI-2:**

- **Faka u-Old Mutual (0860 933 333) njengoxhumana naye.**
- **Thayipha uthi 'Hi' engxoxweni.**
- **Khetha inkettho 8.**
- **Imenyu Yezimbiza Ezimbili izovela.**

**Ngaphambi kokuthi uzame i-Calculator, sicela ukhumbule:**

| | | |
|---|---|---|
| **1** Izinombolo ezinikezwa yi-Calculator Yezimbiza Ezimbili Calculator zisekelwe emalini onayo njengamanje elondolozelwe umhlalaphansi nge-Old Mutual SuperFund. **Lezi zinombolo ziwumhlahlandlela noma isilinganiselo futhi zingase zihluke esambeni sakho soqobo nezinombolo zentela** uma Uhlelo Lwezimbiza Ezimbili luqala ukusebenza mhla lu-1 kuSepthemba 2024. | **2** Ukheshi olungele ukuba uwuthathe Embizeni yakho Yokulondoloza etholakalayo kufanele ufinyelelwe kuphela lapho kunesimo esiphuthumayo. **Noma yimuphi ukheshi owuthathayo ngaphambi komhlalaphansi uzoba nomthelela esambeni sakho** ozosithola (kanye nokukhula kwayo) lapho usuthatha umhlalaphansi. | **3** Ngokungafani nomholo wakho ovamile, izinkokhelo zakho zomhlalaphansi azithathwa intela futhi zikhula ngaphandle kokudonswa intela kuze kube yilapho usuthatha umhlalaphansi. **Uma ukhipha imali Embizeni yakho Yokulondoloza, uzokhokhiswa intela obuyoyikhokha ukube le mali ibiyingxenye yomholo wakho ovamile (noma umholo okhokhiswa intela).** |


**Uma ungakwazi ukusebenzisa i-WhatsApp Calculator Yezimbiza Ezimbili,** kusho ukuthi asinayo inombolo yakho kamakhalekhukhwini efanele futhi uzodinga usiphe yona. Sicela ukwenze lokhu ngalezi zindlela:


» I-Old Mutual App (uyatholakala ku-Android ne-iOS), noma
» I-Secure Services (chofoza lapha ukuze uthole inkomba yokubhalisa eningiliziwe), noma
» Xhumana ne-Call Centre yakwa-SuperFund ku-0860 20 30 40.

## Iphephile, Ivikelekile futhi Ihlala Itholakala!

Isiteshi sika-WhatsApp sakwa-Old Mutual siyatholakala 24/7, 365, ezandleni zakho! Siphinde siqinisekise ukuphepha nokuvikeleka kulokho okwenzayo. Ukuze uthole ukuvikeleka okwengeziwe, sincoma ukuthi ukhiye ingxoxo yakho. Kumenyu Eyinhloko, vele uchofoze **ku-'Learn More' bese ukhetha 'ohlwini'.**

Futhi, imali oyilondolozele umhlalaphansi ivikelekile ekukhwabaniseni okwenzeka ku-inthanethi. Ngisho noma umuntu enenombolo yakho kamazisi, ngeke akwazi ukwenza isicelo sokukhipha imali yakho njengoba sidinga ukuthi isicelo senziwe enombolweni kamakhalekhukhwini esinayo njengenombolo yakho.




**Ikhona imibuzo onayo?** NUkuze uthole konke odinga ukukwazi mayelana noHlelo Lomhlalaphansi Lwezimbiza Ezimbili, vakashela lapha www.oldmutual.co.za/two-pot-retirement-system

Buka esikubhalele khona kwakamuva mayelana noHlelo Lwezimbiza Ezimbili namavidiyo ngezilimi ezihlukahlukene zaseNingizimu Afrika:

**Imbiza Yakho Yomhlalaphansi nokuthi Kungani Ibaluleke Kangaka:**
English | IsiXhosa | IsiZulu | Sesotho | Sepedi | Afrikaans

**Ukuchazwa Kohlelo Lomhlalaphansi Lwezimbiza Ezimbili:**
English | IsiXhosa | IsiZulu | Sesotho | Afrikaans

OLDMUTUAL

DO GREAT THINGS EVERY DAY

Old Mutual Life Assurance Company (SA) Limited is a licensed FSP and Life Insurer.